

# NGINGUMBALA woju




Caroline Faysse • Maïmouna Jallow • Charné Casey

# NGINGUMBALA woju

Le ncwadi ngeka

---







Every child should own a hundred books by the age of five. To that end, Book Dash gathers creative professionals who volunteer to create new, African storybooks that anyone can freely translate and distribute. To find out more, and to download beautiful, print-ready books, visit [bookdash.org](http://bookdash.org).

*Ngingumbala woju*

Original title: *I'm the colour of honey*

Illustrated by Caroline Faysse

Written by Maïmouna Jallow

Designed by Charné Casey

Edited by Alison Ziki

Translated by Nonkululeko Nhlapo

with the help of the Book Dash participants in Johannesburg on 26 October 2019.

ISBN: 978-1-77623-067-9

This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 Licence (<http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/>). You are free to share (copy and redistribute the material in any medium or format) and adapt (remix, transform, and build upon the material) this work for any purpose, even commercially. The licensor cannot revoke these freedoms as long as you follow the following license terms:

**Attribution:** You must give appropriate credit, provide a link to the license, and indicate if changes were made. You may do so in any reasonable manner, but not in any way that suggests the licensor endorses you or your use.

**No additional restrictions:** You may not apply legal terms or technological measures that legally restrict others from doing anything the license permits.

**Notices:** You do not have to comply with the license for elements of the material in the public domain or where your use is permitted by an applicable exception or limitation.

**No warranties are given.** The license may not give you all of the permissions necessary for your intended use. For example, other rights such as publicity, privacy, or moral rights may limit how you use the material.

# NGINGUMBALA woju



Caroline Faysse • Maïmouna Jallow • Charné Casey




Igama lami ngingu-Amanda.  
Ngihlala noMama noBaba wami  
kanye nenja yami uPorsha.


UBaba wami uthi ngingumbala woju.

UMama yena uthi ngimuhle kuhle  
kwelanga liyoshona.





Kodwa angifani nabo  
bobabili. UPorsha nje kuphela  
unombala omdaka njengami!



Uma sizikhiphile  
abantu bavame  
ukusibuka, noma  
babuze imibuzo  
eminingi.



“UBabekazi wakho lowo?”  
kubuza owesimame esitolo.





“Ngabe uThisha wakho?”  
kubuza owesilisa epaki.



“Kungani ungafani  
nabo?”

**“Yingoba ngingumbala  
woju. Futhi ngimuhle kuhle  
kwelanga liyoshona.”**





“Kodwa uBaba wakho ngathi isibhakabhaka ebusuku,” kusho lo wesimame esitolo.

“Kanti uMama wakho umhlophe kuhle kwephepha elingabhaliwe,” kusho owesilisa epaki.



“Kungani  
wena uhlukile?”





Ngosuku olulandelayo ngithwala  
ithawula ekhanda, ngiligoqa kahle  
njengoba uMama ahlale enza  
ngezinwele zakhe.

“Ubabekazi wakho lowo?” kubuza  
owesimame esitolo.

**“Cha! UMama wami.”**


Ngigijime ngaya ekhaya ngathola upende omnyama. Ngawubhixa ebusweni bami.



“Wamuhle upende ebusweni,” kusho owesilisa epaki. Ukhomba ubaba wasebuza, “Ngabe uthisha wakho?” kubuza owesilisa epaki.

**“Cha!  
UBaba  
wami.”**

Izinyembezi zami  
zivele zawususa  
upende.



“Kungani  
ngingafani  
nani, mama  
nawe baba?”

“Amanda, ngibonise ukumamatheka kwakho, lokhu okufana nokukaBaba wakho.”

**Angifuni ukumamatheka.**

“Hawu Amanda, buka isifaca sakho, sihle, njengesikaMama wakho!”




UMama noBaba bangenza  
ngimamatheke kanti nami  
ngibenza bamamatheke!

**“Buka!” kusho mina,  
“Amazingo ami amhlophe  
njengawenu.”**

“Yebo, futhi inhliziyo yakho  
ibomvu, njengezethu.”







Uyimibala emingakhi?

